

Ukusebenzisa uMthetho Wokushintsha Kwesimo Sezulu ukuze Kwakhiwe Uhlelo Lokudla Olungayilimazi Imvelo Nolunamandla eNingizimu Afrika

Isingeniso

NgoMashi 2024, iNingizimu Afrika yathatha isinyathelo esibalulekile ohambweni lwayo lokwakha inqubomgomo yesimo sezulu ngokugunyazwa koMthetho Wokushintsha Kwesimo Sezulu. Njengohlaka lokuqala lomthetho walolu hlobo, uMthetho usungula isisekelo somthetho sendlela uhulumeni, ezingeni likazwelonke, lesifundazwe, kanye nelasekhaya, okumele usabele ngayo enkingeni yokushintsha kwesimo sezulu. Uchaza izimfuneko zokuhlala ukusabela ekushintsheni kwesimo sezulu, amasu okuzivumelanisa, kanye nezinhlalo zokunciphisa umusi okhiqizwa yimikhakha ehlukehukene okuyinto ezokwakha umzila wokuthuthuka kwezwe eminyakeni ezayo. Uhlelo lokudla lwaseNingizimu Afrika lusengozini enkulu yokuhlaselwa imiphumela yokushintsha kwesimo sezulu njengezomiso, izikhukhula kanye nokushisa okukhulu. Ngesikhathi esifanayo, uhlelo lunegalelo elikhulu ekukhiqizeni umusi obangela ukushintsha kwesimo sezulu. Ngakho kusemqoka ukuqinisekisa ukuthi ukusetshenziswa koMthetho kuhlenganisa i-ajenda enamandla yohlelo lokudla olungayilimazi imvelo nolunamandla - endleleni ukudla okukhiqizwa ngayo, kusatshalaliswe ngayo, kuhlolwe ngayo, futhi kusetshenziswe ngayo.

Leli khasi lamaqiniso lenza iziphakamiso zendlela engathuthukiswa ngayo i-ajenda yezinhlelo zokudla ezingayilimazi imvelo nezinamandla ngaphansi koMthetho Wokushintsha Kwesimo Sezulu. Kusemqoka ukuthi izidingo namazwi alabo abagcina uhlelo lokudla lusebenza nsuku zonke - abalimi, izisebenzi ohlelweni lokudla (kusukela emapulazini kuya ezimbonini), abesifazane abasebenzayo, abadobi, abahwebi abangakahlelekile, kanye nemindeneni - bakha ukusetshenziswa koMthetho. Ngakho ikhasi lamaqiniso lichaza izakhi ezibalulekile zoMthetho, kanye nezindlela le mikhakha engazisebenzisa ngayo ukuze ithuthukise i-ajenda yohlelo lokudla olungayilimazi imvelo nolunamandla.

Iqala ngokuchaza ubudlelwane phakathi kohlelo lokudla kanye nokushintsha kwesimo sezulu eNingizimu Afrika, futhi ixhuma ezindaweni ezihlukehukene. Ikhasi lamaqiniso libe selichaza ezinye zezakhi zoMthetho kanye nendlela osebenza ngayo, ngaphambi kokuphendukela kwezinye zezindlela ezibalulekile zohlelo lokudla olungayilimazi imvelo nolunamandla olungathuthukiswa abalimi, izisebenzi ezingahlelekile, abesifazane abasebenzayo, izinhlangano zomphakathi, kanye nomphakathi ovamile (kodwa akupheleli lapha). Ngemva kwalokho, ikhasi lamaqiniso libe selichaza okuhlinzekwa uMthetho kanye nendlela

la izindawo ezingabamba ngayo iqhaza futhi zisebenzise okuhlinzekwayo ukuze kwakhiwe uhlelo lokudla olungayilimazi imvelo olusekelwe emalungelweni nasemazwini alabo abathintwa ukushintsha kwesimo sezulu kanye nokungalingani kohlelo lokudla.

Ukushintsha kwesimo sezulu kanye nohlelo lokudla: Ukubaluleka koMthetho emikhakheni ehlukehene

Uhlelo lokudla lwaseNingizimu Afrika lunomthelela ophawulekayo ekushintsheni kwesimo sezulu, lunegalelo engu-20% emusini okhishwa kuzwelonke kwezolimo, kwezokuthengwa nokuthuthwa kwempahla okusebenzisa amandla amaningi, kanye nokulahlwa kwemfucuzo ngendlela engafanele. Uhlelo lokudla lusengozini enkulu yokuphazanyiswa imiphumela yokushintsha kwesimo sezulu, isomiso, izikhukhula kanye nokushisa okukhuphukayo. Lokhu sekuqalile kakade ukuphazamisa isivuno sommbila nokolweni kanye nokushintsha kwezindawo zokulima ezivundile, okuthinta kokubili ukutholakala kanye nentengo.

Sonke esidla ukudla sizothinteka, kodwa amaqembu ahlukehene ohlelweni lokudla nawo azobhekana nezici zokushintsha kwesimo sezulu ngezindlela ezihlukile. Ngaphandle kokuthi sithuthukise izinguquko ezijulile, ukungalingani okukhona kanye namandla ezinkampani kuzokwakha indlela yokusabela kohlelo lokudla. Ngakho, ngakunye kunesandla endleleni uMthetho osetshenziswa ngayo. Ngokombono wokudla, nayi indlela uMthetho obaluleke ngayo ezinhlanganweni ezihlukehukene.

ABALIMI ABANCANE ABAZIMELE: Abalimi kuye kwadingeka babhekane nokwehluleka kwezitshalo, inhlabathi embi, kanye nomkhqizo ophansi oholela ekuntulekeni kokudla. Lokhu kubangelwe ukushintsha kwezinkathi zonyaka kanye nokwanda kwenani nokuba bucayi kwezinhlekelele ezihlobene nesimo sezulu. Ukuba sengcupheni kwanda nakakhulu kulabo abanamalungelo omhlaba angavikelekile. UMthetho ungase uvule ithuba elengeziwe lokukhuthaza ukungenelela endaweni nakuzwelonke okuthuthukisa amalungelo omhlaba kanye nokusabalaliswa kabusha komhlaba, ukuvikela nokuguqula ukukhiqiza, kanye nokuvikela indlela yokuphila yabalimi abancane abazimele.

IZISEBENZI ZASEPULAZINI: Ukukhuphuka kwamazin-ga okushisa kanye nesomiso sekuqalile kakade ukup-hazamisa izisebenzi zasemapulazini, kunciphisa izin-suku zokusebenza futhi kusongela impilo. Lo Mthetho ungasetshenziselwa ukusiza ekuqinisekiseni ukuthi izinhle-lo zamapulazi ziyazivumelanisa ngezindlela ezingagcini nje ngokuvikela umkhqizo kodwa ezivikela nezisebenzi namaholo.

IZINYUNYANA ZEZISEBENZII: Ngaphandle kokuzivumelani-sa okufanele, izisebenzi zizobhekana nokwenyuka kwamanani okudla kanye nezimo zokusebenza eziya ziba yingozi kakhulu. Izinyunyana zezisebenzi zinendima esemqoka ekuqinisekiseni ukuthi izinhlelo zokuzivumelanisa nezokunciphisa umonakalo (bheka iBhokisi 1 ukuze uthole izincazelo) zivikela izisebenzi, ziqinisekisa umsebenzi ohloniphekile, futhi zilwela amalun-gelo. Izisebenzi ohlelweni lokudla kanye nezinhlelo zazo zin-gagqugquzela ukwakhiwa kohlelo lokudla olungayilimazi imve-lo nolunamandla.

ABESIFAZANE: Abesifazane abansundu abasebenzayo bath-wala umthwalo omkhulu lapho kungekho manzi ahlazekile, lapho izitshalo zasekhaya zingaphumeleli, noma lapho intengo yokudla inyuka. Baphinde bathwale umthwalo wokutholela amakhaya abo imithombo ehlukile yamandla lapho ugesi uncish-isiwe noma ingekho imali yokuwuthenga. Lo Mthetho ungaset-shenziselwa ukuqinisekisa ukuthi kunemithethonqubo kanye nezinhlelo zokubhekana nale mithwalo ekhulayo kanye noku-qinisa ukweseka komphakathi umsebenzi wokunakekela njen-gendlela yokuqinisa uhlelo lokudla.

IZINGANE NENTSHAA: Intsha izobhekana nemiphumela yenhlekelele yokushintsha kwesimo sezulu kanye nokungabi khona kokudla namanzi anele esikhathini esizayo, ngisho noma benegalelo elincane ekubangeleni le nkinga. Ngenxa yokuphaz-amiseka kwamanje okukhulu nokwandayo kokukhula kwezin-gane, amanzi angaphephile kanye nokuthuthwa kwendle kuhl-an-ganise nokuntuleka kokudla okunomsoco, ukushintsha kwesimo sezulu kuzoyandisa inkinga yokungondleki kahle. Izimo ezinzima zokusebenza nokulima ngaphansi kwemithelela yokushintsha kwesimo sezulu zisongela nakakhulu amathuba omsebenzi kanye namathuba endlela yokuziphilisa entsha ohlelweni lokud-




Wenziwe Claire Roussel

la. Intsha ingasebenzisa amathuba anikezwa uMthetho ukuze ithuthukise okubalulekile kuyo okumayelana nekusasa lezinto ezingalimazi imvelo.

IMINDENI: Cishe umndeni o-1 kwemi-5 eNingizimu Afrika ub-hekene nendlala. Imindeni ethola iholo ephansi, leyo engenawo umhlaba ngokusemthethweni, izisebenzi zasemapulazini, nabakhiqizi abancane baphakathi kwalabo abasengcupheni enkulu yokuhlukunyezwa yimithelela yokushintsha kwesimo sezulu, okuhlanganisa ukunyuka kwamanani okudla kanye nokutholakala kokudla okungaqinisekisiwe. Lo Mthetho uy-ithuba lokuqhubeka nokubamba uhlelo ukuze kuqinisekisiwe ukuthi abantu bakwazi ukuthola ukudla ngendlela ethembekile, enobulungiswa nefinyelelekayo ngaphansi kokushintsha kwes-imo sezulu, esikhundleni sokwandisa ukungalingani okukhona njengamanje. Lokhu kungenziwa ngokuthonya izinqubo ezih-linzekwa uMthetho ngokukhuthaza nokubamba inqubomgomo yesikhathi esizayo ukuze kunamathelwe ekushintsheleni endle-leni engayilimazi imvelo.

UMPHAKATHI: Lo Mthetho uyalela ukubamba iqhaza kom-phakathi emazingeni amaningana, unikeza izinhlangano zom-

Ukugunyaza umthetho: Ukulandelana kwezikhathi



phakathi kanye nomphakathi indlela esemthethweni yokuxoxa, ukuqapha, nokusungula ngokubambisana inqubomgomo eyakha uhlelo lokudla olunobulungiswa nolusimeme.

Ukubhekana nokushintsha kwesimo sezulu kudinga ukuguqula uhlelo lokudla, hhayi nje ukushintsha izinqubo zokulima. Ababambiqhaza abahlukahlukene bangasebenza ndawonye ukuze baqinisekise ukuthi izinqubo zokusebenzisa uMthetho zihlanganisa i-agroecology, ukuthola amalungelo omhlaba nokufinyelela, ukulawula ibhizinisi lohlelo lokudla, kanye nokuqaphela umsebenzi wokunakekela kanye nendlela yokuphila ehloniphekile njengento ebalulekile ekuzivumelaniseni nasekulweni nokungalingani okuvimbela imizamo yokuqeda ukuntuleka kokudla nokusimama.



Yini ENGENZIWA uMthetho Wokushintsha Kwesimo Sezulu?

- Awunikezi izibopho eziqondile ezingeni eliphansi zesenzo sokushintsha kwesimo sezulu.
- Awuhlanganisi ukunciphiswa komusi okubophayo okumelwe kufinyelelwe noma isikhathi esiqondile sokufinyelela lokho.
- Awuqinisekisi ukuxhaswa ngokwezimali noma ukwabelwa imali yokusebenzisa, okuqhubeka kuwela ngaphansi kwezinye izinqubo zezezimali.
- Awuvikeli ngokuzenzakalelayo imiphakathi noma izimiso zemvelo ezisengozini - lokhu kuncike ekutheni uMthetho uchazwa kanjani, usetshenziswa kanjani, futhi uhunyushwa kanjani ube yimithethonqubo nezinhlelo emazingeni kazwelonke, esifundazwe kanye nawasekhaya. Lokhu kubangela isidingo sokugququzela nokukhuthaza ukufakwa kwe-ajenda yokushintshela endleleni engalimazi imvelo ezinhlelweni ezizayo kanye nemisebenzi ngaphansi koMthetho.
- Awuxazululi ukulahlekelwa kanye nomonakalo, okuhlanganisa imithelela okunzima ukubhekana nayo.



Yini Eyenziwa uMthetho Wokushintsha Kwesimo Sezulu?

Njengohlaka lomthetho, uMthetho uhlinzeka ngohlaka olusemthethweni lokuthatha isinyathelo, futhi iminingwane izochazwa ngemithethonqubo, izinhlelo zikazwelonke, zesifundo zongqongqoshe. Uhlinzeka ngohlaka lokunciphisa umusi okhishwa yiNingizimu Afrika kanye nokuzivumelanisa nemithelela yokushintsha kwesimo sezulu. Ukwakha lezi zinhlelo okunikeza izinhlangano zomphakathi (kuhlanganise izisebenzi) kanye nomphakathi ithuba elibalulekile lokwakha indlela yokusabela kweNingizimu Afrika ekushintsheni kwesimo sezulu kwenzelwa uhlelo lokudla.

Indlela yokusebenzisa uMthetho

- Njengohlaka olusemthethweni lokumela nokulwela ukusebenzisa imithethonqubo nezinhlelo ezifanele.

- Ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo zokudla zisemqoka enqubwenimgomo yokushintsha kwesimo sezulu ukuze kwakhiwe imithethonqubo, kuhlolwe okubeka engcupheni, nezinhlelo, nokuthi kubonisa i-ajenda yokushintshela endleleni engalimazi imvelo egxile enqubweni, ekusabalaliseni nasebulungisweni bokubuyisela (bheka iBhokisi 1).
- Njengohlaka olusemthethweni lokufuna ukuthuthukiswa kwemithethonqubo nezinhlelo ezifanele ngesikhathi esifanele.
- Bamba iqhaza ngenkuthalo ezinqubweni ezisungulwa uMthetho ukuze kwakheke imithethonqubo nezinhlelo ngokusebenzisa izingxoxo eziqhubekayo.
- Ukuze kuqinisekise ukubamba iqhaza lapho kuchazwa khona uMthetho ezinqubweni ezithile, ikakhulukazi kulabo abasafufusa ababandakanyeka ohlelweni lokudla kanye nezinhlangano zomphakathi.

IBHOKISI 1: IZINCAZELO




Ubulungiswa Benqubo: Bugxila enkambisweni yokwenza izinqumo efanele, esobala, futhi ehlanganisa bonke abantu enikeza ababambiqhaza indima ecacile ekwakheni imiphumela.

Ubulungiswa Bokusabalalisa: Buphathelele nokwabiwa okufanele kwezinsizakusebenza, amathuba, kanye nemithwalo yemfanelo ngokusekelwe ezimisweni ezifana nokulingana nesidingo.

Ubulungiswa Bokubuyisela: Buhlela ukulungisa umonakalo ngokuhlanganisa labo abathintekile kanye nalabo abanesibopho, ukuze laba abathintekayo baqaphele izenzo zabo, bathathe umthwalo wemfanelo, futhi bazibophezele ezinyathelweni ezilungisa umonakalo futhi bavimbele ukuphinda kwawo.

Ukuzivumelanisa Nezimo: Ukulungiswa okwenziwe ezinhlelweni zemvelo, zenhlalo, noma zomnotho ngokuphendula emiphumeleni yangempela noma elindelwe yokuguquka kwesimo sezulu. Lokhu kungabandakanya izinguquko ezinqubweni, emikhubeni, kanye nengqalasizinda ukunciphisa umonakalo noma ukusizakala ngamathuba. Ngamafuphi, ukuzivumelanisa nezimo kuhlela ukuthatha izinyathelo zokuzivumelanisa nokushintsha kwesimo sezulu nokushintsha noma ukunciphisa umthelela waso emphakathini.

Ukunciphisa: Izinyathelo ezithathwayo ukunciphisa noma ukuvimbela ukukhishwa kwamagesi okushisa emkhathini noma ukuthuthukisa izindlela ezisusa lamagesi.



Izinto ezibalulekile ezingaba khona okufanele zigqugquzelwe ezinqubweni nasezinhlelweni ngaphansi koMthetho

- Qinisekisa ukuthi ukuhlolwa kanye nezinhlelo zihlola lonke uhlelo lokudla (kusukela ensimini kuye emfucuzeni) kunokugxila kuphela kwezolimo (ukulima).
- Qaphela ukutholakala kokudla njengeninga yokushintsha kwesimo sezulu ngokuyenza ibe yinto eyinhloko okugxilwe kuyo ezinhlelweni zokusabela ekushintsheni kwesimo sezulu endaweni nakuzwelonke.
- Shintsha ukwesekwa komphakathi kube yi-agroecology futhi ukususe ekulimeni okwenziwa yimboni nokusebenzisa amakhemikhali.
- Izindlela zokulawula nokugcina amanani okudla ezinzile njengengxenywe yokubhekana nokushintsha kwesimo sezulu.
- Sekela abakhigizi abancane ngokufinyelela umhlaba, ukutshalwa kwezimali emphakathini kanye nokusekela i-agroecology, kanye nengqalasizinda ekwazi ukumelana nokushintsha kwesimo sezulu.
- Izinyathelo zokubhekana nokungalingani ngokobulili ngokutshala izimali ezinsizeni ezinciphisa futhi zisabalalise kabusha umsebenzi ongakhokhelwa wabesifazane ngokuphathelele kokudla kanye nomsoco njengento ebalulekile yokuzivumelanisa nokushintsha kwesimo sezulu kanye nendlela yokuthuthukisa ukudla okunomsoco.
- Vikela abadayisi bokudla abangakahleleki ngokuhlela okubandakanya wonke umuntu, ingqalasizinda, kanye nokuqashelwa ngokomthetho ohulumeni basekhaya.
- Umsebenzi ohloniphekile kanye namaholo afanele ezisebenzi zohlelo lokudla.
- Lawula amandla ezinkampani kwezazitolo nasekuthuthweni kwempahla futhi usekele iminotho yokudla enobulungiswa esendaweni.

Amathuba eMthethweni Wokushintsha Kwesimo Sezulu okuthuthukisa uhlelo lokudla olunamandla

Lesi sigaba sihlola kafushane izingxenywe ezibalulekile zoMthetho kanye namathuba okungenelela ohlelo lokudla olungayilimazi imvelo nolunamandla. Lokhu kungafundwa ndawonye nesifinyezo eziwumfanekiso emakhasini 4-5 abonisa okuyinhloko okuhlinzekwa uMthetho kanye nezilinganiso ezingaba khona zohlelo lokudla.

UKUQONDANA KWENQUBOMGOMO KUHULUMENI NAKUYO YONKE IMIKHAKHA

ISahluko 2 soMthetho sidinga ukuthi zonke izinhloko zikahulumeni zivumelanise ezinqubomgomo zazo, izinhlelo, imithetho kanye nezinqumo nezimiso kanye nezinhloso zoMthetho. Lokhu kusun-

gula isibopho esingokomthetho esingasetshenziselwa ukwakha ezinqubomgomo ezifeza okukhulu, ezigqugquzela ukulingana, nezinqubomgomo zokubhekana nokushintsha kwesimo sezulu kuyo yonke imikhakha. Lokhu akukhona ukuvumelanisa inkulumo; kuyisiqondiso esisemthethweni esinesisindo. Izinhlangano zomphakathi zingasebenzisa lesi sibopho ukuphonsela inselele inqubomgomo esibuyisela emuva, ziphoqe ukuphendulisa, futhi zithuthukise ushintsho lohlelo kuyo yonke iminyango kahulumeni.

ITHUBA LEZINHLELO ZOKUDLA: Lokhu kusungula ithuba lokuhlanganisa izinto eziphathelele nokushintsha kwesimo sezulu kanye nokudla eminyangweni eminingi kahulumeni kazwelonke. Ngokwesibonelo, uMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nokubuyiswa Komhlaba ungaphoqwa ukuba uqinisekise ukuthi ukufinyelela umhlaba nokuvikelwa kwawo kubonisa izingozi zokushintsha kwesimo sezulu futhi kusekela ukukhiqizwa kokudla okwenziwa yimiphakathi. Njengoba ukuntuleka kokudla kube kubi nakakhulu ngenxa yokushintsha kwesimo sezulu, uMgcinimafa Kazwelonke kanye noMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi bangathintwa ukuze bavumelanise isabelomali kanye nokuvikelwa komphakathi, njengezinhlelo zokudla ezikoleni kanye nezokuhlinzeka ngokudla okunomsoco. Eminye iminyango ebandakanyeka kwezohwebo, ezolimo, kanye nasekutholakeni kokudla nayo ingaphenduliwa ngokuhlanganisa izindlela zokubhekana nokushintsha kwesimo sezulu ezinqubweningomo nasezinhlelweni zayo. Lo Mthetho uvumela ababambiqhaza ukuthi bagqugquzele ukuhlela okuhlelekile, okuhambisana nokushintsha kwesimo sezulu kanye nokusetshenziswa kwezinhlelo ngaphakathi nangaphandle kweminyango kahulumeni ethinta uhlelo lokudla.

THATHA ISINYATHELO: Kuye ngomkhakha okuwo (amandla, ukudla, amanzi, umhlaba, njll.), gqugquzela ukuhlanganiswa kokushintshela endleleni yokukhiqiza ukudla engayilimazi imvelo futhi lokho kufakwe ezinqubweningomo zalowo mkhakha.

IZINHLELO ZOKUZIVUMELANISA KANYE NOKUSABELA EKUSHINTSHINI KWESIMO SEZULU

Lo Mthetho unikeza uhlaka lwesu Nohlelo Lokuvumelanisa Kuzwelonke (NASP), olulandelwa yizinhlelo zokuzivumelanisa nezimo eziqondene nomkhakha. Kuhlangukisa okuhlinzekwayo kwezimo zokuzivumelanisa, izinhloso, kanye nemibiko ejwayelekile yokuhlanganisa. UMthetho uyalela isikhathi esilandelayo sokwakhiwa kwe-NASP:

- Ngemva konyaka uMthetho ugunyaziwe waba ngumthetho wezwe:
 - » Kumele kwakhiwe izingozi zesimo sezulu kanye nezindlela ezifanele zokusabela
 - » Ungqongqoshe kumele achaze izinhloso kanye nezinkomba zikazwelonke zokubhekana nezimo
- Ngemva lweminyaka emibili uMthetho ugunyaziwe waba ngumthetho wezwe:
 - » Ukwamukelwa kwe-NASP (izohlolwa kabusha njalo ngemva kweminyaka emi-5)
- Phakathi nonyaka owordwa wokwamukelwa kwe-NASP:
 - » Yenza izinhlelo Zomkhakha Zokuzivumelanisa (njengezoli-mo, amanzi, njll.)

Lezi zinqubo zinikeza izinhlangano zomphakathi amathuba amaningi okwakha uhlelo lukazwelonke lokuzivumelanisa ukuze

kuqinisekiswa ukuthi zibonisa ukushintshela endleleni engayilimazi imvelo. Nokho, lokhu kulandelana kwezikhathi kusebenza kuphela lapho inqubo isiqale ngokusemthethweni. Ukwenziwa kwe-NASP kungenye yezigaba zoMthetho ezibambezelekile, ngakho sidinga ukukhuthaza ukuba lokhu kuqala.

ITHUBA LEZINHLELO ZOKUDLA: Lezi zinqubo zinikeza ithuba lokuqinisekisa ukuthi izinhlelo zokudla ziyafakwa ekwakhiweni kwezimo nezinhloso ze-NASP. Kuphinde kuvule ithuba lokuqinisekisa ukuthi imithelela emiphakathini empofu, ezisebenzini, kwabesifazane, entsheni nakubalimi abasafufusa iyafakwa ezimweni. Ngaphezu kwalokho, kufanele kukhuthazwe ukuqinisekisa ukuthi izixazululo zethu, njenge-agroecology, ukulawulwa kwentengo yokudla kanye nokuzinza, ukungenelela kobulungiswa obuthinta ubulili, izinhlelo zokudla ezixile ebantwini endaweni, kanye nezidingo zezisebenzi ezihlelekile nezingahlelekile zifakiwe ezinhlosweni kanye nakokuqokethwe yi-NASP. Lokhu kudinga ukucabanga kabusha ngokuzivumelanisa hhayi nje ukushintsha inqubo, kodwa njengethuba lokwakha izinhlelo zokudla ezizuzisa umphakathi, ezilawulwa yizinhlangano ezihlukahlukene, nezingayilimazi imvelo.

THATHA ISINYATHELO: Ngokubamba iqhaza ekubonisaneni, ekuthumeleni izinto ezifanele, nasekunxneni abenzi benqubomgomo ngemibono yakho mayelana nenqubomgomo, ukuqgugqezela ukuthi izidingo nokubalulekile komkhakha noma kwendawo kuvele ezimweni, ezinhlosweni, naku-NASP, kanye nohlelo lomkhakha lokuzivumelanisa kwezolimo, okufanele sikulwele ukuba kubandakanywe zonke izinhlelo zokudla.

UKUTHATHA ISINYATHELO SOKUSHINTSHA KWESIMO SEZULU ENDAWENI

ISahluko 3 soMthetho siyalela izifundazwe kanye nomasipala ukuba bakhe futhi basebenzise izinhlelo nezenzo zokusabela ekushintsheni kwesimo sezulu ngokuvumelana nohlelo lukazwelonke. UMthetho uthi omasipala kumele: Kungakapheli okungenani unyaka owordwa ngemva kokushicilelwa kwe-NASP, bahlale izidingo ezibangelwa ukushintsha kwesimo sezulu.

- Kungakapheli iminyaka emibili ngemva kwalokho, kumele bakhe izinhlelo zokusabela noma izinhlelo zezinyathelo - ezizohlelwa njalo ngemva kweminyaka emi-5.
- Ngemva kwalokho, kumele bahlanganise ukushintsha kwesimo sezulu Ezinhlelweni Zabo Ezihlanganisiwe Zokuthuthukisa (ama-IDP) (omasipala) kanye nasezinhlelweni zezemvelo (izifundazwe).

ITHUBA LEZINHLELO ZOKUDLA Kunamathuba okuqinisekisa ukuthi izifundazwe nomasipala bahlanganisa izinto ezicatshangelwayo zezinhlelo zokudla zasendaweni ezisimeme ekuhlolweni kwezidingo zokushintsha kwesimo sezulu kanye nezinhlelo zokusabela, nokuthi amazwi nezidingo zalabo ababandakanyeka ohlelweni lokudla lwasendaweni ziyalalelwa. Ngokwesibonelo, uhlelo oluthi eThekwini Climate Action Plan luqokomisa isidingo sokungenelela ohlelweni lokudla, okuhlanganisa ukwesekwa kwabalimi abancane nabasafufusa basendaweni ngezingadi zokudla. Nokho, izinhlelo ezinjalo zingahamba ibanga elide ngokugqogqezela izinqubo ze-agroecological, ngokuhlola izindlela zokungenelela ezingenza ukudla okungabizi kutholakale kakhudlwana, futhi kusekelwe abadayisi basemgwaqeni.

THATHA ISINYATHELO: Okokuqala, izinhlangano zomph-

akathi kanye nomphakathi ungaphendulisa omasipala ngokuqalisa nokuphuthula lezi zinqubo; okwesibili, ungakhuthaza ukuqiniswa kwezinhlelo zokudla zasendaweni ngokuthi zifakwe ekuhloleni; okwesithathu, ungaqapha ukusetshenziswa kohlelo futhi uqinisekise ukuthi izinhlelo ziyahlolwa futhi zibuyekizwe kuye ngesidingo.

UKUQONDISA KANYE NOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI

Lo Mthetho uyalela izinhlangano ezithile ukuba ziqondise ukusetshenziswa kwezinhlelo.

UKUSEBENZISANA KWEMINYANGO EHLUKAHLUKENE EKUTHATHENI ISINYATHELO MAYELANA NOKUSHINTSHA KWESIMO SEZULU

ISahluko 2 siyalela iSithangami sikaNdunankulu Neminyango Ehlukahlukene njengesigungu esiqondisa inqubomgomo yokushintsha kwesimo sezulu esifundazweni. Umhlango ngamunye walesi sithangami usebenza ngokuzenzakalelayo njengeSithangami Sokushintsha Kwesimo Sezulu Sasesifundazweni, okusho ukuthi ukushintsha kwesimo sezulu kumele sifakwe kuyo yonke i-ajenda futhi kuvumelaniswe nezinye izinqubomgomo zesifundazwe. Lezi zithangami ziphinde zinikeze indlela yokucela ukwesekwa ngokwezobuchwepheshe ezindabeni ezihlobene nokushintsha kwesimo sezulu. Nokho, okwamanje bashoda ngokubamba iqhaza kwezinhlangano zomphakathi futhi basebenza ngokungafihli lutho okulinganiselwe.

Ithuba lohlelo lokudla: Izithangami zesifundazwe zinikeza inkundla eyengeziwe yokuthi izinhlelo zokudla zibandakanywe ekuqondiseni, okuyinto ebalulekile njengoba izifundazwe zinemithwalo ezindaweni ezihlukahlukene zohlelo lokudla, njengakwezolimo, ukuthuthukiswa komnotho, kanye nemvelo.

Thatha isinyathelo: Lwela ukuxoxa nalabo abathatha izinqumo abanethonya engxoxweni yesithangami, njengezinhloko zeminyango yesifundazwe noma abaholi bomasipala.

INHLANGANO ELULEKAYO: UKUQWASHISA UMPHAKATHI NOKUBAMBA IQHAZA

ISahluko 2 siyalela iKhomishana KaMongameli Yokushintshela Emandleni Angangcolisi Imvelo (PCC) njengesigungu eselulekayo esingasungula isikhala esengeziwe esingathonywa yizinhlangano zomphakathi. Indima eyokweluleka, ngakho ukunconyelwa kwayo akuhunyushwa ngaso sonke isikhathi kube yinqubomgomo, kodwa i-PCC ingaba yindlela ebalulekile yokuthonya.

Ithuba lezinhlelo zokudla: Umsebenzi we-PCC wokushintshela endleleni engayilimazi imvelo ihlanganise okugxile ezidingweni zokuvumelanisa kwezolimo. Nakuba lokhu kumaka inqubekela phambili ebalulekile, izinhlelo zokudla zizonke zisasingathwa ngokuyingxenywe ku-PCC ethi Uhlaka Lokushintshela Ekusebenziseni Okungayilimazi Imvelo. Izinhlangano zomphakathi kufanele zisebenzise amaphuzu okungena ukuze kuqiniseke i-ajenda yohlelo lokudla lwe-PCC, ukucela ukubandakanywa kokulawulwa kwentengo yokudla, umsebenzi ohloniphekile wezisebenzi zasepulazini, kanye nokweseka imiphakathi engahlelekile neyasendaweni.

Thatha isinyathelo: Sebenza nozakwenu ukuze wakhe i-ajenda ehlanganyelwayo yezinhlangano zomphakathi ezinhlelweni zomphakathi, ukubamba iqhaza ekubonisaneni kwe-PCC, xoxa Namakhomishana e-PCC, bese ugqogqezela ukuthuthukiswa kobuchwepheshe ku-ajenda yesigungu eselulekayo se-PCC.

UKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI OKUYALELWE

ISahluko 6 sikwenza kucace ukuthi kuwo wonke uMthetho, kungakhathaliseki ukuthi izinhlelo zokusabela zikamasipala, zesifundazwe, zikazwelonke, noma zemikhakha, ukubamba iqhaza komphakathi kuyalelwe ezigabeni eziningi, okuhlanganisa ukuhlolwa kwezidingo zesifundazwe nezomasipala, ukuthuthukiswa kwezinhloso zokuzivumelanisa zikazwelonke, izimo kanye nezinhlelo kanye nezinhlelo zokuzivumelanisa nezimo zomkhakha. Kudingeka nokuthi imininingwane yenziwe ifinyeleleke nokuthi kunikezwe isikhathi esanele sokufaka okubhaliswe kanye nokushiwo ngomlomo lapho kufaneleka khona.

ITHUBA LOHLELO LOKUDLAA: Ukubamba iqhaza ngendlela yentando yeningi kuyingxenywe esemqoka yokushintsha izinhlelo zokudla. Ngakho ukuqinisekisa ukuthi ukubamba iqhaza okudingekayo kuyenzeka, kusemqoka ukuze amazwi avela ezansi akwazi ukwakha uhlelo lokudla olunamandla nolungayilimazi imvelo eNingizimu Afrika.

THATHA ISINYATHELOO: Qaphela izinqubo zokubamba iqhaza komphakathi, lwela ukuba zenzeke, futhi ubambe iqhaza kuzo ngendlela ehlolisayo neyakhayo.

UKUNCIPHISA UMUSI OKHISHWA OHLELWENI LOKUDLA

Lo Mthetho usungula umzila olandelwayo womusi okhishwayo kuzwelonke, okuhlosiwe emikhakheni ehlukahlukene, kanye nenani lekhlabhoni ukuze kuqondiswe imizamo yokunciphisa. Kudingeka nokulandelelwa komusi okhishwayo Ngemininingwane Yomusi Obangela Ukufudumala Komhlaba futhi kuvumela ukulawulwa kwamagesi angewona awemvelo. UMthetho uyalela ukubeka imigomo yokunciphisa. Izinhlangano zomphakathi zingasebenzisa inqubo ye-UNFCCC ethi Nationally Determined Contribution (NDC) zilwele ukufinyelela izinhloso zemikhakha, ukuqinisekisa ukuthi zivumelana nesimo esilinganayo kanye nokusemqoka kokuthuthukisa.

ITHUBA LEZINHLELO ZOKUDLA: Njengoba kunomusi ophumayo ovela ohlelweni lokudla, kusemqoka ukucabangela lo mkhakha kanye nokugqogqezela amasu abeka phambili izidingo zezisebenzi nemiphakathi ngesikhathi kuncishiswa umusi okhishwayo. Indlela yezinhlelo zokudla ingagqogqezela ubunikazi bomphakathi, ukulima kwabalimi abancane kanye ne-agroecology njengezindlela ezibalulekile zokunciphisa umonakalo ezigxile ekusebenziseni izindlela ezingayilimazi indalo.

THATHA ISINYATHELOO: Thumela imibono futhi ubambe iqhaza ezingxoxweni Zezinhloso Zomusi Okhishwa Yimikhakha ukuze uqinisekise ukuthi uhulumeni uhlela uhlelo lokudla olukhipha umusi omncane ongcolile kanye nokuthi ukungenelela kunobulungiswa ngokuphathelele nezindleko nezinzuzo.

AMATHUBA OKUMELELA NAWOKUNXENXA

Ngenxa yejubane nokuba bucayi kwemithelela yokushintsha kwesimo sezulu, isinyathelo esiphuthumayo siyadingeka. Naku- ba uMthetho uchaza izinqubo zenqubomgomo ezicacile kanye nokulandelana kwezikhathi, okuningi okudingekayo, njengezinhlelo zokusabela zomasipala ezidingeka ingakapheli iminyaka emithathu (noma emibili ngemva kokwamukelwa kohlelo), kuthatha isikhathi eside kakhulu uma kuqhathaniswa nokuphuthuma kwenhlekelele. Ngokombono, lokhu kulandelana kwezikhathi kungavumela ukwakhiwa ngendlela efanele kwenqubomgomo.

Ngokoqobo, ukubambezeleka sekuqalile kakade, futhi izinqubo ezibalulekile njengokuthuthukiswa Kwesu Nohlelo Lokuvumelana Likazwelonke akukaqaliswa. Ngakho kubalulekile ukufaka ingcindezi nokweseka lezi zinqubo ukuze zihambe ngesivini esidingekayo.

ITHUBA LEZINHLELO ZOKUDLAA: Imithelela yokushintsha kwesimo sezulu isiqalile kakade ukuphazamisa izinhlelo zokudla eNingizimu Afrika. Ngakho kubalulekile ukuqinisekisa ukwenziwa nokusetshenziswa ngokuphuthumayo kwezinhlelo zokuzivumelanisa noshintsho ohlelweni lokudla.

THATHA ISINYATHELO: Lokhu kubambezeleka kuveza isidingo esingaba khona sokukhuthaza nokuxhumana nezikhulu zika- hulumeni ukuze kuqinisekise ukuthi i-DFFE kanye neminye iminyango eyinhloko isekelwa ngendlela efanele ukuze ihlangabezane nezikhathi ezibekiwe zokusebenzisa uMthetho, ikakhulukazi maqondana nokuletha uhlelo lokuzivumelanisa olufanele, oluhlanganisa wonke umuntu, noluqinile, olubalulekile ohlelweni lokudla olunamandla nolungayilimazi imvelo.

Isiphetho

Ngenxa yalokho okuyalelwa uMthetho Wokushintsha Kwesimo Sezulu, kunezindawo eziningi izinhlangano zomphakathi ezingazi- bandakanya kuzo, kusukela ezithangamini zokushintsha kwesimo sezulu kuye ezinhlelweni zikazwelonke kanye nezinqubo zokubuyekisa. Ukuhlala wazi ngala mathuba, ukuhlala uxhumene namanethiwekhi afanele, kanye nokugqogqezela ukuthathwa kwezinyathelo ezinamandla, ezibandakanya wonke umuntu kuzo- ba semqoka ekwakheni imithethonqubo nezinhlelo ezilandelayo ukuze kufakwe i-ajenda yezinhlelo zokudla ezinamandla nezingayilimazi imvelo. Ukwakha i-ajenda ehlanganisa okuningi phakathi kwamazwi ahlukahlukene, ukuthuthukisa izimfuno zomunye no- munye, kanye nokuvumelana ngokusemqoka kungaqinisa uku- gqogqezela okwenziwa ngokubambisana, ukuqinisekisa ukuthi ukusabela enhlekeleleni yokushintsha kwesimo sezulu ohlelweni lokudla kwenziwa ngendlela eyingayilimazi imvelo nephumelelayo.

Ukuze uthole imininingwane eyengeziwe mayelana nokuxoxisana nohulumeni ngoMthetho Wokushintsha Kwesimo Sezulu, ungaxhumana noMnyango Wezamalathi, Ezokudoba, Nezemvelo (DFFE) lapha NCCSecretariat@dffe.gov.za. Ukuze uthole imininingwane eyengeziwe kanye nezinsiza, sicela uvakashele iwebhusayithi ye-IEJ ethi www.iej.org.za.

Ukubonga

Ibhalwe nguYasirah Madhi no-Andrew Bennie. Ngibonga uBrandon Abdinor we-Centre for Environmental Rights (CER) ngesiqondiso sakhe ekuchazeni ukubaluleka koMthetho ezinhlelweni zokudla—ikakhulukazi ngegalelo lakhe ku-webinar yethu—kanye nakuzo zonke izikhulumi nababambiqhaza ngenxa yezingxoxo ezihilelayo, ezisize ekwakheni leli khasi lamaqiniso. Siphinde sibonge uPenelope Price we-Adaptation Network kanye noLaurel Oettle we-Association for Rural Advancement (AFRA) ngokubuyekisa kwabo okubalulekile kanye nokuphawula kwabo. I-Institute for Economic Justice inesibopho semininingwane kanye nemibono lapha.